

# Abakwa-SARS benza izaba ezikhethekile ngokuvalwa thaqa kokunyakaza ezweni

Pretoria, ngoLwesine 26 kuNdasa 2020 – UPhiko IweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luyahambisana futhi luyaweseka wonke amaSu kaHulumeni okuNqanda ukubhebhetheka kobhubhane Iwegciwane i-COVID-19. Abakwa-SARS bayayiqonda ingcindezi kwezomnotho engaba umphumela walesi sehlo ebelsingalindelekile.

Njengengxene yamasu okunqanda ukubhebhetheka, ukuvalwa thaqa kokunyakaza ezweni kwezinsuku ezingama-21 okumenyezelwe uMongameli uCyril Ramaphosa kuyinto enzima kodwa enesidingo ukuze kunqandwe ukubhebhetheka kwegciwane, kanye nokunciphisa isivinini sokutheleleka okusha.

UKhomishana wakwa-SARS u-Edward Kieswetter uthe: "Sizwelana nabo bonke abathelelekile nabathintekayo kubandakanya abakhokhintela, osomabhizinisi abangabahwebi abathintekile nabaqhubekayo nokuthikanyezwa wubhubhane Iwe-COVID-19."

"Sifisa ukubaqinisekisa ukuthi abakwa-SARS basazinikele ekuhlinzekeni ngosizo oludingekayo ukuze uhulumeni aqhubeke nokuthola imali engena ngentela okuyiyo eyisikhwama sokuhlinzekela izimpahla nosizo lomphakathi, bebe beginisekisa ukuthi izimali ezibuyiselwayo kubakhokhintela ziyaqhubeka njengoba abakhokhintela bevele bebhekene nobunzima. UKhomishana uthe, "Ngisho nangaso lesi sikhathi, njengengxene yesikuphokophele sizoqhubeka nokuhlinzeka isiqinisekiso nokwenza kube lula ukuthi abakhokhintela nabahwebi baxhumane nabakwa-SARS." Wongeze ngokuthi, "Nginesiqiniseko sokuthi abakhokhintela abathembekile nabo bazothanda ukuthola isiqinisekiso sokuthi ngalesi sikhathi imithetho yentela neyomnyango wokuthelisa iyasebenza ukugwema ukukhwabanisa nobugebengu ohlelweni lwentela".

UKhomishana uKieswetter uqhubeke wathi, "Abakwa-SARS babalulekile esimweni esikuso nesizayo ezweni lethu ekuthuthukisweni kwezomnotho nenhlalakahle. Ngokwemithetho eyengamele ukuvalwa thaqa kokunyakaza ezweni, abakwa-SARS bathathwa njengosizo nomsebenzi osemqoka, obalulekile "ekuqinisekiseni ukuthi umthelela wesikhathi esifishane nowesikhathi eside wobhubhane Iwe-COVID kwezomnotho siyawunciphisa."

Ngokubheka umthelela omubi walolu bhubhane kwezomnotho, uMongameli uphinde wamemezela izindlela ezimbalwa zokulekelela izinkampani ezithobelwa imithetho yentela ezizothwala kanzima kanjalo nezisebenzi zazo ezizothinteka, ikakhulukazi amaBhizinisi amaNcane, aPhakathi, namaNcane kakhulu ama-Small, Medium and Micro Enterprises (SMMEs) lawo abakwa-SARS okuzomele bawasingathe esikhathini esifishane.

UKhomishana wakwa-SARS uvale ngokuthi: "Kodwa-ke, njengomqashi onesibopho futhi onakekelayo, abakwa-SARS bafuna ukuqinisekisa ukuphepha kwezemphilo futhi bafuna ukuvikela izisebenzi neminden yazo, bebe benza lokhu okumenyezelwe uMongameli. Ngakho-ke, ukuze sivikele izisebenzi neminden yazo, abakwa-SARS bazonciphisa ukuhlangana nokubonakala kwabantu ngokubeka izinhla zosizo olungasetshenziswa abakhokhintela nabahwebi abangaxhumana ngazo nabakwa-SARS ngalesi sikhathi sokuvalwa thaqa kokunyakaza ezweni."

Abakhokhintela nabahwebi kumele basebenzise usizo lwe-inthanethi olufana ne-eFiling, i-SARS MobiApp kanye ne-e@syFile. Olunye usizo olutholakala ku-eFiling lubandakanya imibuzo ngesikweletu, ukukhokhela abakwa-SARS, imibuzo mayelana namaphepha okubuyisa intela asilele emuva, isimo sentela sokuthobela (izicelo ze-TCS), isaziso sokubhalisa (IT150), ukubuyisa amaphepha entela, kanjalo nokuthola igama lomsebenzisi i-'username' nokulungisa igamamfihlo i-'password' .

Phezu kwalokho, abakhokhintela bangashayela i-SARS Contact Centre (0800 00 7277). Okungeke kulandele lo mgomo ilabo bakhokhintela asebehlulekile ukuthola usizo ku-inthanethi naku-Contact Centre bona bangabeka usuku abazovakashela ngalo igatsha lakwa-SARS. Abakwa-SARS bazosiza abakhokhintela ababeke usuku okuvunyelwene ngalo lokuza emahhovisi, baze bakhiphe esinye isaziso. Abakhokhintela abanesivumelwano sosuku lokuza egatsheni bazonikwa isaziso esiyisiqinisekiso abazokwazi ukusisebenza sihambisana nomazisi njengokwezidingo zokuvinjelwa kokuhaba ukuze bezothola lolu sizo olubarulekile.

Ukuze uthole uhla oluphelele losizo, [cofa lapha](#).